YINI I-PLANT VARIETY PROTECTION (PVP) KANYE NEZITSHALO EZIVIKELWE?

I-Plant Variety Protection (PVP) isivikelo esisemthethweni esinikezwa umqambi wembewu (breeder) oqambe imbewu yesitshalo esithize futhi wathuthukisa uhlobo olusha lwesitshalo. Lesi sivikelo sinikezwa ngokunikeza ilungelo kumqambi wembewu yesitshalo ukuze abe ngumnikazi walolo hlobo lwesitshalo nokuthi athole imali yobunikazi (royalties) kunoma ngubani ofuna ukusebenzisa imbewu yaleso sitshalo sakhe. Ilungelo elinikezwa umqambi wembewu yesitshalo libizwa ngokuthi yi-Plant Breeder's Right (PBR). Isibonelo salokhu, yimbewu yombila lohlobo oluthize (hybrid maize seed). Uhlobo lubuye lwaziwe nangokuthi uhlobo oluvikelwe ("protected variety").

I-PBR ibuye ivikele nembewu egcinwe ngumlimi wohlobo lwesitshalo oluvikelwe. Lokhu kusho ukuthi abalimi manje abavunyelwe ukushintshisana, ukwabelana, noma ukuthenga imbewu egcinwe ngumlimi wohlobo oluvikelwe ngaphandle kokukhokhela umqambi wesitshalo imali yobunikazi (royalties). Kumele njalo kuthengwe imbewu entsha lapho kuqala isikhathi sokulima.

Kodwa imbewu umqambi athi unayo, uyithuthukisile, isuke ivela emasimini abalimi. Ngakho-ke i-PBR ingquzulana Namalungelo Abalimi.

Uma abalimi kumele bathenge imbewu entsha njalo lapho kuqala isikhathi sokulima, lokhu kuzokwenza ukuthi abalimi bancike kwi-PBR kanye nokulahlekelwa yikhono labo lokuzimela nokuzenzela izinto ngokuthanda kwabo kanye nokuthi babe nezimbewu ezixubene. Ngeke besaba ngabaqambi bolimo lwabo, kodwa bazoba ngabathengi bembewu eyenziwe yilabo abazibiza ngabaqambi bezimbewu kanti futhi abathengiselwa zona zinkampani zembewu.

african centre for biodiversity
www.acbio.org.za info@acbio.org.za Tel +27 (0)11 486 1156

duducoelho.com